# OBEKHWABANISA I-VAT UZOBHADLA EJELE IMINYAKA EYI-15

**Pretoria, ngoLwesibili mhla 27 kuNcwaba 2019 –** NgoLwesihlanu mhla zingama-23 kuNcwaba 2019, usomabhizinisi wase-Welkom okhwabanisele abakwa-SARS ngokusebenzisa izinto zeqomangcebo nezinye izinhlangano zezomthetho ugwetshwe iminyaka eyi-15 ebhadla ejele.

UMnu Recado Williams Davids uwavumile amacala angama-404 okukhwabanisa ngokuthumela amaphepha e-VAT omgunyathi kwa-SARS, aneminininingwane engelona iqiniso ngencitho nangenzuzo. Lobu ugebengu obenziwe phakathi konyaka wezi-2007 nonyaka wezi-2015 kwenziwe ngokusetshenziswa izinhlangano zezomthetho eziyi-12, kubandakanya nalabo abamelele kanjalo namalungu.

UMnu Davids uwavumile amacala ngokwesivumelwano sokuvuma icala afinyelele kuso nombuso.

Amacala lawa ahlanganisiwe ukuze kukhishwe isigwebo. Ugwetshwe iminyaka eyishumi nanhlanu ebhadla ejele kanti iminyaka eyi-6 kuleso sigwebo iyisigwebo esilengisiwe esinemibandela. Okwenze isigwebo sokubhadla ejele sibe iminyaka eyisishiyagalolunye.

Kwelinye icala, iNkantolo kaMantshi e-Kimberly ikhiphe isigwebo esilengisiwe seminyaka emihlanu igweba usomabhizinisi waseKimberly ngamacala angama-32 obugebengu bokukhwabanisa i-VAT, kanye namanye amacala angama-47 kubandakanywa ukukhwabanisa kanye nokukhipha nokuphula uMthetho we-VAT noMthetho wokuSingathwa kweNtela.

UMnu Joseph Thabo Modupe, ongusihlalo wenhlangano i-Droogfontein Community Property Association nongumnikazi webhizinisi lamatekisi, wenze ubugebengu ngamabhizinisi akhe amabili. Naye wahlawuliswa u-R50 000 wabe eseyalelwa ukuba abuyisele abakwa-SARS yonke imali ayithola ngokukhwabanisa.

Esivumelwaneni sokuvuma icala okufinyelelwe kuso nombuso, uvumile ukuthi ukhwabanise abakwa-SARS imali elinganiselwa kuR550 000 ngokudalula ingeniso elingaphansi kwaleli alingenisayo kanye nokuthumela izicelo zokukhokhelwa zomgunyathi. Womabili amabhizinisi ahlulekile ukuthumela amaphepha okubuyisa i-VAT angama-30 phakathi konyaka wezi-2013 nangonyaka wezi-2017.

UMnui Modupe uphinde wawavuma amacala ayi-8 okukhwabanisa kanye nayi-8 okukhipha ama-invoyisi angelona iqiniso ewanika abakwa-SARS ayesekela ngawo isicelo sokukhokhelwa intela, kanye nokuhluleka ukuthumela amaphepha aqondene naye okubuyisa intela ngonyaka wentela yango-2014.

Useyikhokhile ingxenye enkulu kwa-SARS kanti uzoqhubeka akhokhe njengokuyalelwa inkantolo.